

# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

54/2015 Intshumayelo ngomkhosi wokucandulwa kwekerike, ngomhla ka 01. 11. 2015

## Mo leineng la Modimo o e leng Rara le Morwa le Mowa o o Boitshpeo.

Izwi elongamela lolusuku lilotshiwe ku-1 Kor. 3:11, lithi: **"Ngokuba akakho ongabeka esinye isisekelo, kuphela leso esibekiweyo, esinguJesu Kristu."**

1. Iculo 276/134

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu Baba osezulwini, siyabonga, ngokuba namuhla uyasikhumbuza ngokusha ngomsebenzi wakho omkhulu wokuvuselela inceku yakho uMartin Luther ukuba izwi lakho elafihlwa phansi kwezeduciso eziningi licanduleke, lihlume ngokusha, lizwakale ngokusha ekerikeni lakho, licandulwe, libe inkemba enobukhali futhi, libe igeja elinamandla okuhlakula ukhula olubi, imbewu yezwi lakho ikhule kahle, izwi lakho lithele izithelo zokuphenduka, nokukholwa, nothando, nethemba. Nkosi, mawusisize ukuba naphakathi kwethu izwi lakho libe elicandulekileyo, lihlume njalo ngokusha, lenze umsebenzi walo wokwesula izono namacala ethu, nokuthela izithelo zokudabuka ngezono zethu, zokukholwa intethelelo egameni lakho, zokwenza imisebenzi yothando. Sicela lokhu ngomusa wakho okhona njalo-njalo ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala liltoshiwe ku-Isaya 62:6-17;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 3:21-28;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMattheo 10:26b-33.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 275/- noma 142/125

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 5:1-12, lithi: "Kwathi ebona izixuku, wenyukela entabeni; esehlezi phansi, abafundi bakhe beza kuye. Wayesevula umlomo wakhe, wabafundisa wathi: Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba umbuso wezulu ungowabo. Babusisiwe abakhalayo, ngokuba

bayakududuzwa. Babusisiwe abamnene, ngokuba bayakudla ifa lomhlaba. Babusisiwe abalambele, bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa. Babusisiwe abanesihawu, ngokuba bayakuhawukelwa. Babusisiwe abanenhliziyi ehlanzekileyo, ngokuba bayakubona uNkulunkulu. Babusisiwe abalamulayo, ngokuba bayakuthiwa abantwana bakaNkulunkulu. Babusisiwe abazingelwa ngenxa yokulunga, ngokuba umbuso wezulu ungowabo. Nibusisiwe, nxa benithuka, benizingela, bekhuluma konke okubi ngani, beqamba amanga ngenxa yami. Jabulani, nithokoze, ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini; ngokuba kanjalo babazingela abaprofethi abananduleleyo." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, namuhla kungumkhosi wokucandulwa kwekerike. Ngithi: Labo ababekhethela lomkhosi leligama ngesiZulu benza kahle. Ngaleligama kuyezwakala kahle okwenzekile ngesikhathi sokucandulwa kwekerike. Kwacandulwa inkemba yezwi likaNkulunkulu. Izwi labuya laphila, labanamandla ngokusha, laba bukhali, lahlaba ngokwempela, laba igeja elicandulekileyo ngokwempela, insimu kaNkulunkulu elinywe kahle, imbewu yezwi likaNkulunkulu yahluma kahle, ukhula lwahlakulwa kahle, kwavela izithelo ngokwempela, abantu bezwa ngokusha okushiwo ngezwi likaNkulunkulu, bezwa ngokusha ukuthi kuthiwani ngokwempela ngamazwi evangeli leli elisha elikhethelwe umkhosi wokucandulwa kwekerike.

Kwakuvamile ukuba kufakwe imiqondo eminingi kulamazwi. Kwavela ukuduka okuningi ngayo. Nanamuhla kusekhona abaningi abahlanganisa lamazwi akhuluma ngezibusiso zikaKristu nemiqondo yabo engahambelani nakho okushiwo nguKristu ngalamazwi akhe. Lamazwi ngokuvama ayahlanganiswa nakho okusemhlabeni, nakho okombuso wasemhlabeni, noma esho okombuso wasezulwini, okombuso kaNkulunkulu. Kanjalo-ke lamazwi ayelahlekelwa ngubukhali bawo, ayebuthuntu impela, ayengasenzi umsebenzi wawo ngokwempela.

Kanjalo-ke iNkosi mayisisize ukuba kucandulwe inkemba yalelizwi likaNkulunkulu, siqonde ngokwempela ukuthi uJesu uthini, uma ekhuluma ngokubusiswa kwabafundi bakhe. Makukhanye kwasekuqaleni ukuthi uJesu waqondisa lamazwi ezibusiso kubafundi bakhe. Beyibo ababusisiwe nguyi ngokubiza nguyi nangokubalelwa ukulunga kwakhe ngokukholwa nguyi. Khona wavela ukuba baziphathe

njengababusisiwe nguye. Babengabusiswa nguye ngenxa yokuziphatha kanjalo Wayengasho abanye, washo abafundi bakhe, nakulonyaka usasho labo abakholwa nguye, abamlandelayo. Yibona ababusisiweyo. Ngaphandle kukaKristu, ngaphandle kokukholwa nguye, ngaphandle kokumlandela uJesu, umuntu, noma ubani usephansi kwesiqalekiso. Izwi lalelivangeli liyakhanya ngokwempela ngokusho ukuthi **babusisiwe labo**

1. abavumayo ukuthi badinga usizo lukaJesu Kristu;
2. abakuye ngakho konke abayikho;
3. abazingelwa ngenxa yegama lakhe.

**1. Sebebusisiwe nguKristu bayavuma ukuthi badinga usizo lukaJesu Kristu.** Izwi lithi: Sebebusisiwe nguKristu ngokukholwa nguye, bayavuma ukuthi bangabampofu emoyeni, sebebusisiwe nguKristu umbuso wezulu ungowabo. Sebebusisiwe nguKristu bayakhala ngezono zabo, ngokuba umuntu ongakathintwa enhliziyweni ngomthetho kaNkulunkulu, akadabuki ngezono zakhe, akalambeli, akomeli ukulunga, kodwa esebusisiwe ngokuzwa izwi elikhanyayo uzolambela, nokumela ukulunga, futhi khona-ke uyakusuthiswa.” Ngalawomazwi kaJesu akushiwo ubumpofu nje, akushiwo ukukhala nje; akushiwo ukukhala kokukhononda nje. Akushiwo ukulamba nokoma nje. Ngalawomazwi kushiwo ubumpofu emoyeni, nokukhala kokukhalela isono, nokukhalela usizo oluvela kuKristu, nokulambela, nokomela ukulunga okuyikho okuvela kuKristu.

Kushiwo abantu abavuma ngokwempela ukuthi bangabampofu, abangakwazi ukuzikhokhela amacala abo phambi kukaNkulunkulu, abadinga usizo lukaKristu ukuba yena abakhokhele amacala abo. Kushiwo abantu abaziyo ukuthi basotweni phansi impela, abaziyo ukuthi abanamandla ngokwabo ukuzikhipha kulolutwa, abaqala ukukhala ukuba uJesu abakhiphe khona. Kushiwo abantu abavumayo ukuthi baswela ukulunga okuyikho phambi kukaNkulunkulu, abakulambeleyo abakomeleyo.

Yibona abaduduzwayo ngamazwi anamuhla ukuba bangadangali, bangalahli ithemba, kodwa bazi ukuthi balungiselwe indawo embusweni kaNkulunkulu, kungengegolide, kungengesiliva kodwa ngegazi likaJesu Kristu, ngokuhlushwa nangokufa kwakhe. Umbuso wezulu ungowabo, bayaduduzwa ekukhaleni kwabo

ngesimemezelo esihle sokuthi bathethelelwe izono ngenxa kaKristu. Bayasuthiswa ngokubalelwa ukulunga kukaKristu. Bangababusisiweyo ngendlela uKristu abusisa ngayo ngentethelelo yesono eyabelwa embhaphathizweni, nasisibikweni, nasesidlweni seNKosi, nangezithembiso zaso entshumayelweni.

2. Ababusisiweyo kanjalo nguKristu, **bakuye ngakho konke abayikho**. Bamnene, banesihawu, banenhliziyi ehlanzekileyo, bangabalamulayo. Bafunda kuJesu, bayamlandela, bamnene njengaye, banesihawu njengaye, banenhliziyi ehlanzekileyo njengaye, bayalamula njengaye.

Abasebenzisi ubumnene bomhlaba, noma isihawu somhlaba. Abavali amehlo nje, abathuli nje, uma bebona umfowabo, noma udadewabo, noma umntwanabo ehamba endleleni embi. Bazokhuluma naye ngobumnene bonke, kodwa futhi ngokukhanya okukhulu ukuba lowo ohamba ngendlela embi aqonde ukuthi usendleleni eya esihogweni, ekubhujisweni okuphakade, ezwe ukuba adabuke ngesono sakhe, aphenduke, ezwe nangensindiso etholakalayo kuJesu ukuba athethelelwe isono sakhe.

Kungubumnene obunjani, kuyisihawu esinjani, uma ubona omunye eqonde ekubhujisweni, ungamxwayisi? Babusisiwe nguKristu labo abangazami ukuhlanza, nokuhlambulula amacala ngendlela yomhlaba, abangazami ukulamula ngendlela yomhlaba, bengazami ukucindezela abantu ukwesula amacala ngezinkokhelo ezithile, noma ngokuhlaba okuthile.

Babusisiwe labo abaqinisayo ukuthi amacala abo ayesulwa kuphela ngegazi likaJesu Kristu phambi kukaNkulunkulu, abaqinisa ukuthi naphakathi kwabantu bayalanyulwa ngokuyikho ngendlela kaKristu lapho abantu bethethelelana khona. Yikho ukulamulana ngendlela kaKristu, ukubuyisana noNkulunkulu ngenxa kaKristu, ukulamulana nabanye abantu ngokuthethelelana ngothando olusibekela inqwaba yesono. Kanjalo-ke labo abakuye uKristu bayasebenzisa indlela kaJesu ngobumnene obuyibo, nangesihawu esiyiso, bahlanzwa ezonweni zabo ngokuthethelelwa nguKristu, balamulana nabanye ngokuthethelelana egameni likaKristu.

3. Ababusisiweyo kanjalo nguKristu mabangamangali, kodwa bathokoze, noma bezingelwa ngenxa yegama lakhe. Sebebusisiwe **bayazingelwa ngenxa yokulunga**, ngokuba umbuso wezulu ungowabo ngenxa yokubusiswa nguKristu.

“Nibusisiwe, nxa benithuka, benizingela, bekhuluma konke okubi ngani, beqamba amanga ngenxa yami. Jabulani, nithokoze, ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini; ngokuba kanjalo bazingela abaprofethi abananduleleyo.”

Kuyaziwa ukuthi kunjalo. Ngenxa kaKristu sabelwa ngomusa isibusiso sakhe, kungabi ukukholwa kuye kuphela, kepha nokuhlupheka ngenxa yakhe, Fil.1:29. Simelwe ukungena embusweni kaNkulunkulu ngezinhlopheko eziningi, izE. 14:22. Masingadangali ekuhluphekeni, sazi ukuthi izinhlopheko zezinhlobonhlobo zehlala abazalwane bethu, abafundi bonke bakaKristu abasezweni, 1 Petr. 5:9. Makukhanye ukuthi siyahlushwa, siyazingelwa ngenxa yokulunga, ngenxa kaKristu.

Makukhanye ukuthi uma abanye bekhuluma okubi ngathi, kudingeka ukuba baqambe amanga. Uma bekhuluma iqiniso ngokukhuluma okubi ngathi, akuveli isibusisweni sikaKristu. Uma besizingela ngenxa yokwenza okubi, akusiso isibusiso.

Kuyabongeka kuphela, kungumusa, kuyisibusiso kuphela, uma sizingelwa ngenxa yokulunga, uma besizingela njengalokhu bezingele abaprofethi bakaNkulunkulu ngaphambili, sebememezele izwi likaNkulunkulu ngokuyikho. Kuyabuzwa ngokuyikho, uma kubuzwa ukuthi: Kuludumo luni, uma sibekezela sishaywa lapho sonile na? Kepha uma sibekezela lapho senze okuhle, sihlushwa, lokho kuyabongeka kuNkulunkulu, kungumusa kuye, kuyisizathu sokuba sithokoze, sazi ukuthi sasibusisiwa nguKristu ukuba kwenzeke lokhu.

Ukuba ngabampofu nje, ukuba mnene nje, ukuzingelwa nje akusiso isibusiso sokubusiswa nguKristu. Singababusisiweyo ngokuyikho kuphela, uma sivuma ukuthi sidinga usizo lukaJesu Kristu; uma sikuye ngakho konke esiyikho; uma sizingelwa ngenxa yegama lakhe. Amen.

**9. Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba osezulwini, siyabonga, sibonga izwi lakho. Mawusisize ukuba siqonde ukuthi ukubusiswa ngokuyikho kusho ukuthini. Sikhumbule njalo ukuthi thina bantu esiyizoni sonke asikwazi ukuzilungisela isibusiso ngokwethu, sikhumbule ukuthi silungiselwe isibusiso nguwe ngomusa wakho ngenxa kaKristu, noma izibusiso ezingaphandle, ezokomzimba, noma izibusiso ezingaphakathi, ezokomoya. Zonke izibusiso zivela kuwe. Siyabonga, Nkosi, ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

## 10 Iculo 220/176

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1997/2003/2015 ngu-E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.